



rural development & land reform

Department:
Rural Development and Land Reform
REPUBLIC OF SOUTH AFRICA



agriculture & rural development

Department:
Agriculture and Rural Development
PROVINCE OF KWAZULU-NATAL



UKUKHIQIZWA KWEZINKUKHU ZASEKHAYA

SECOND EDITION



MDUKATSHANI
RURAL DEVELOPMENT PROJECT



Goat
Agribusiness
Project
KWAZULU-NATAL



HPSA
SOUTHERN AFRICA

Ukukhiqizwa kwezinkukhu zasekhaya

Second Edition 2019

ISBN 978-1-928310-25-9

Ihlanganiswe ngu:

Mdukatshani, HPSA, Department of Rural Development and Land Reform (DRDLR) and KwaZulu-Natal, Department of Agriculture and Rural Development (DARD)

Ababambe iqhaza kulencwadi:

Rauri Alcock, Hannes de Villiers, Trevor Dugmore, Francois du Toit, Marisia Geraci, Sibongiseni Gcumisa, Sibusiso Gumede, Brigid Letty, Gugu Mbatha, Dumisani Mtshali, Keith Perrett, Alan Rowe, Ed Whetley, Harry Swartson, Nomfuzo Mkhize, MSD

Siyabonga emphakathini eyingxenywe yohlelo lukaGAP ngokusisekela, ngesikhathi sabo, amasu ka nemibono.

Design and layout: Tangerine Design

Pictures: Imbuzi Imali, Flickr and MSD



UKUKHIQIZWA

KWEZINKUKHU ZASEKHAYA

SECOND EDITION



Ihlanganiswe ngu:

**Mdukatshani, HPSA, Department of Rural Development and Land Reform (DRDLR) and
KwaZulu-Natal Department of Agriculture and Rural Development (DARD)**



Okuqukethwe

Ukusetshenziswa kwale ncwadi	5
---	----------

Ingxenye yoku-1: Indlela ejwayelekile yokugcina izinkukhu	7
--	----------

1. Uhlobo	8
------------------------	----------

1.1 Inkukhu ephilile	8
1.2 Izinhlobo zezinkukhu	8
1.3 Ulwazi olujwayelekile ngezinkukhu zasekhaya	11

2. Umsoco nengcindezi	12
------------------------------------	-----------

2.1 Kungani umsoco ubalulekile?	12
2.2 Ingcindezi kanye nezivikeli mzimba	12
2.3 Kungani ukudla kubalulekile?	13
2.4 Ukudla, Ukuphakela nomsoco	13

3. Ukuphatha nokuphawula	15
---------------------------------------	-----------

3.1 Ukubamba izinkukhu ngendlela efanele	15
3.2 Ukuqoqa amaqanda	15
3.3 Izindlela zokuphawulwa	15

4. Ukuvikela nokugoma	16
------------------------------------	-----------

4.1 Izizathu zokuvalelwa kwezinkukhu zasekhaya	16
4.2 Izinhlobo zezidleke kanye nezindlu zezinkukhu	17
4.3 Izindlela zokungenelela zezempilo	18
4.4 Amaphuzu ayi-11 okuhlola inkukhu	20

5. Ukwelapha	21
---------------------------	-----------

5.1 Imikhuba emihle yenhlanzeko	21
5.2 Izinto ezisemqoka ekufanele zibe sesikhwameni semithi (vet kit)	21
5.3 Ukugcinwa kwemithi	22
5.4 Iketanga lokubanda	23

Ingxenye yesibili: Izifo, izimuncagazi kanye nezimo eziyinkinga 25

6.	Izifo	26
6.1	Isifo seNyukhasela (Paramyxovirus)	26
6.2	Upokisi	28
6.3	Uhudo olubangelwa amagciwane olubulalayo	29
6.4	Ikhola yezinkukhu	29
6.5	iGumboro.....	30
6.6	Amabatha	31
7.	Izimuncagazi zangaphakathi	32
7.1	Izikelele ezinsungulu	32
7.2	Isikelele esiyibhanda	33
8.	Izimuncagazi zangaphandle.....	34
8.1	Okhuphe obenza imilenze emaholoholo (Scaly leg mites /knemidocoptes mutans)	34
8.2	Okhuphe bezinkukhu (Dermanyssus gallinae)	34
8.3	Imikhaza yezinkukhu (Argas persicus).....	35
8.4	Izintwala zezinkukhu (Menopon gallinae)	36
9.	Izinkinga zokudla	37
9.1	Ukudlana kwezinkukhu	37
9.2	Ukudla amaqanda.....	38

Ingxenye yesithathu: Ukumaketha kanye nezinqumo zokuphatha 39


10.	Ukumaketha Kanye nezinqumo zokuphatha.....	40
11.	Ukulawula amanani omhlambi wezinkukhu.....	40
12.	Ukukhiqiza izinkukhu ezidayisekayo ngobuningi	40
13.	Ukuthuthukisa umkhiqizo wamaqanda	41
14.	Ukugcinwa kwamabhuku	43

Ukusetshenziswa kwale ncwadi

Inhloso yalelibhuku ukuthi lilekelele abanikazi bezinkukhu zesintu abasebenzisa izindlela zokufuya ezivulelekile. Leli bhuku libheka izindlela zokuthuthukisa umkhiqizo wemihlambi yabafuyi. Lihlelelwe ukuthi lisabalaliswe kubafuyi ngendlela ebavumela ukuthi baqondisise ukufundwa nokusetshenziswa kwalo kanye nokuthi ulwazi abaludingayo bangalutholaphi. Kuyindlela encono kakhulu uma incwadi isetshenziswa njengengxenge yoqeqesho eyenziwa abeluleki kanye nalabo abasebenza nomphakathi.

Ingxenye yoku-1: Okujwayelekile ngokugcinwa kwezinkukhu

Lesigaba sifaka yonke into umfuyi wezinkukhu zasekhaya okudingekayo ukugcina imihlambi yezinkukhu ziphilile futhi zikhiqiza phansi kwezinqinamba ezikhona. Le ngxenye yaleli bhuku ilandela izitebhisi ezinhlanu eziholela enkukhwini ephilile.



- 1. Uhlobo** – ukukhetha uhlobo lwezinku khuolufanele isimo sendawo yakho indlela engcono kakhulu ukuthola umhlambi okhiqizayo, osebenza kahle futhi ophile kahle (ikhasi 8 kuya ku 12).
- 2. Umsoco nengcindezi** – ukungondleki, ukudla ngendlela engafanele kanye nengcindezi kuyawehlisa umkhiqizo futhi kwenza izilwane zibe buthaka ingenwe izifo kanye nezimunca gazi (ikhasi 13 kuya ku 15).
- 3. Ukuphatha nokuphawula** – indlela enhle yokuphatha ingehlisa amazinga ezifo kanye nezimunca gazi. Lena indlela eyonga kakhulu imali yokuvikela izifo nezimuncagazi. Ukulahlekelwa okubikwa kakhulu abafuyi ezinkukhwini kwenzeka ngokwebiwa noma ngokulahleka; ngakho ke kubalulekile ukuth abafuyi basebenzise izindlela ezifanele zokuphawula izilwane ukwehlisa izinga lalezinto (ikhasi 16 kuya ku 17).

- 4. Ukuvikela kanye nokugoma** – ukunikeza izilwane umpheme kungavikela izifo kanye nengcindezi. Abafuyi kufanele bakwazi ukuhlola kanye nokubona izimpawu zezifo, nezimo kanye nezimuncagazi futhi bakwazi ukuvikela izinkinga ngaphambi kokuthi ziqale noma zisabalele. Ukugoma iyona yodwa indlela yokuvikela ezinye zezifo (ikhasi 17 kuya ku 19).
- 5. Ukwelapha** – Uma inkukhu isingenwe ukugula, kubalulekile ukuthi kwelashwe masinyane. Kubalulekile ukwelapha ngomuthi ofanele futhi ngesikalo esifanele (ikhasi 20 - 24).

Ingxenye yesi-2: Izifo ezejwayelekile, izimo Kanye nezimuncagazi

Lesigaba sezifo ezejwayelekile, izimo eziyinkinga kanye nezimuncagazi ezihlasela izinkukhu zisekhasini lama 26-39. Lokhu kucacisa ngezindlela zokuphatha, ukuvikela kanye nokulapha lapho okungenzeka khona ngokuhlukana.

Ingxenye yesi-3: Ukuphatha kanye nezinqumo zokuthengisa:

Lesigaba esabafuyi abandisa ukukhiqiza kwemihlambi yabo bazoqaphela ukwanda ngokushesha kwamanani emihlambi okudinga ukuphathwa. Nakuba izinkukhu eziningi zibonakala njengento engcono, ukwanda ekuphakeleni nezinye izindleko zokuphatha zidinga ukugcinwa zilawulekile.

Zikhona ezinye izinsiza kufunda ukulekelela abafuyi ngaleli bhuku. Zitholakala ku www.mdukatshani.com, www.hpsa.org.za noma www.gapkzn.co.za. Lezi izihloko eziqukethwe ibhuku loqeqesho ezingatholakala ziprintiwe noma zitholakale zethulwe njenge Powerpoint. Lezozinto zokufundisa zihambisana nezigaba Kanye namakhasi ezisebhukwini.

*Lelibhuku alidayiswa kodwa liyanikezwa njengengxenye yoqeqesho.
Liyatholakala mahhala ngesiZulu nangeSingisi kwi-website ebhalwe ngenhla
futhi imvume inikezwe abenhlango Imbuzi Imali.*



INGXENYE YOKU-1

Indlela ejwayelekile yokugcina izinkukhu



1. Uhlobo

Ukubheka ukuthi inkukhu enemphilo ibukeka kanjani kanye nokuziphatha kungasiza ukuthi uqondise lezizinto ezilandelayo.

1.1 Inkukhu ephilile

- Iba nemileceza e-pink
- Ihamba kahle ayixhugi
- Amaqubu ayacwebezela awalengi.
- Ayinawo amaqubu angcolile
- Amazenge ezinyawo zayo abushelelezi futhi aphuzi (yellow)
- Ayinalo uhudo
- Amaqubu wayo abushelelezi futhi ayacwebezela.



Izinhlobo zezinkukhu

1.2 Izinhlobo zezinkukhu

Uhlobo lwasendaweni lunamathuba amahle okumelana kanye nokujwayela izifo nokudla kwendawo, Ukukhetha uhlobo lwenkukhu yasendaweni kuyinto enhle uma ufuna ukuqala umhlambi ophilile. Ziningi izinhlobo zezinkukhu, iningi lazo likhiqizelwa izidingo ezithize ezahlukenene. Uhlobo lwenkukhu yesintu luwuhlobo olujwayelekile olukwazi ukumelana nezimo zasendaweni. Zingahluka ngokobukhulu bazo, imibala Kanye nokubukeka.

Isilwane esiphilile siyakwazi ukumelana nezifo futhi siyashesha ukululama uma kwenzekile sagula. Isilwane esigulayo sibanga izindleko kumfuyi simdlele nesikhathi. Umfuyi onesilwane esigulayo kumele athenge imithi, izipetu nezinalithi. Ngaleyondlela kungcono ukuthi umfuyi ahlale enemfuyo ephilile engaguli. Ngaphambi kokuhlela ukuthi sizolapha kanjani kuhle ukucabanga ukuthi sizibona kanjani izimbuzi eziphilile nokuthi sizigcina kanjani ziphilile.

Ukwelapha kuba yimpumelelo uma kwenziwe ngokushesha ngaphambi kokuba isilwane size sigule kakhulu singabe sisasizakala nangomuthi. Lokhu kuchaza ukuthi umfuyi kumele akwazi ukubona ngokushesha uma enesilwane esingaphilile, ukuthi siphethwe isifo sini nokuthi angenzenjani ngalokho kugula.

1.2.1 Izinkukhu zendawo/zesintu

- Ziyimibala eminingi, izakhiwo ezahlukeni futhi azilingani-ezinye azinazimpaphe entanyeni.
- Zinenyama eqinile ngenxa yendlela eziphila ngayo ngaphandle
- Zikwazi ukuphila ngokuziphandela, ngakho akunazindleko
- Zihlakaniphile futhi azilali phansi, ziphinde zikwazi ukugijima kakhulu umazithanda, ngaleyon-dlela zingagwema ukudliwa yizilwane zasendle
- Zithola/zakhe izidleke ziphinde zifukamele kahle
- Kungabanzima ukuzilawula/ukuzibamba nokuziphatha.



Azikho zinhle ekufakeni isisindo njengalezi zinhlobo zokudabuka ngaphandle noma lezi ezigcinwa emapulazini amakhulu kanti futhi azizaleli unyaka wonke, noma ziphakelwa ukudla okubizayo okuneprotheni eningi. Ziyazalaniseka ukuze zikhiphe imibala emihle ethile okuzenza zifanele ukusetshenziswa ekugcineni amasiko athile Kanye nemicimbi yesintu.

1.2.2 Izinkukhu zesintu ezithuthukisiwe

Zizalaniselwa ukuba zibe ngconywa kunezinkukhu zesintu ngokukhula nangokuzalela (isibonelo: Potchestroom KoeKoek. Zidinga ukunakwa kakhulu nokuphakelwa okuthe xaxa ngaphezu kwalezi zesintu phaqa futhi azikwazi ukuzifunela ukudla kahle.

Abafuyi abaningi bakhombisa ukuba netshisekelo ekuthuthukiseni imihlambi yabo (imvamisa okuhlobene nobukhulu bazo, ukukhula Kanye nomkhiqizo wamaqanda) ngokuzalanisa ngezinkukhu ezivela kwamanye amazwe. Kunobuhle nobubi bokuzama lokhu, kodwa ngokujwayelekile kuletha ubuthakathaka ezinkukh-wini zesintu bese kudala izinkinga abafuyi abangazicabanganga mayelana nokwanda kokungenwa izifo kanye nengcindezi.



1.2.3 Izinhlobo zangaphandle/ezokufika (isibonelo Black Australorps)

Lezi zinkukhu ngokujwayelekile zizalaniswa e-Europe noma e-UK futhi azimelani nezimo zakuleli ikakhulukazi ezindaweni zase-makhaya.

Kunezinhlobonhlobo zezinkukhu ezizalaniselwa izizathu eziningi. I-Black Australorps igcinelwa inyama, kanti ama-Leghorns agcinelwa amaqanda. Ezinye izinhlobo zizalaniselwa ukukhiqiza kokubili inyama kanye namaqanda.



1.2.4 Izinkukhu ezixubile zamaqanda zokuhweba

Lezizinkukhu zizalaniselwa kuphela ukuthi zikhiqize amaqanda kanti zijwayele ukuthi zivalelwe amahhokweni noma kuma shedi. Ngeke ukwazi ukuzizalanisela ezakho zokushintshanisa- kumele uthenge esezikulungele ukuzalela kumkhiqizi owaziwayo uma izinkukhu sezindala. Lezi zinkukhu zingazalela njalo kuze kuphele isikhathi esingaphezu konyakeni (zizalela cishe iqanda elilodwa njalo ngosuku unyaka wonke). Zidinga ukudla okuningi okubizayo okunama protheni amaningi (ukudla okuhlukile kokuzalela) ukuze zizalele amaqanda ngalendlela. Uma zingagcinwa emahhokweni zidedelwe ukuthi zizigcaluzele kuyenzeka zizalele amaqanda phansi kanti futhi azijwayele ukube zibuyele esidlekeni esifanayo.

Izinkukhu zamaqanda zokuhweba ngokujwayelekile zinqunywa umlomo (ingaphambili lomlomo liyasuswa) ekuchanyiselweni kwazo ukuze zingakwazi ukuzicingela ukudla nokuqhudelana nezinye izinkukhu. Zizalaniselwa ukuba zingafukameli ukuze ziqhubeke zizalele amaqanda. Lokhu kuphinde kusho ukuthi ngeke zibe omama abahle. Kulula ukuzibamba, azikwazi ukundiza njengezinkukhu zendawo zasekhaya kanti futhi zijwayele ukulala phansi ebusuku. Lokhu kuzenza zibe sengcupheni yokudliwa izilwane zasendle.



1.2.5 Izinkukhu ezixubile zenyama zokuhweba

Olamthuthu bazalaniselwa ukukhiqiza inyama. Bikhula ngokushesha kakhulu kanti bangahlatshwa uma sebe-nama sonto ayisithupha (6)

Olamthuthu badinga ukuphiwa ukudla kwezinkukhu zenyama okusezingeni amasonto ayisithupha (6) wonke (okuningi okwanele ukuthi zilokhu zidlile). Olamthuthu basinda kakhuluma uma ubagcina kuze kweqe emasonto ayisithupha (6) baqalwa izinkinga zemilenze. Azikwazi ukuzicingela ukudla ngakhoke kumele ziphiwe konke ukudla kwazo.



1.3 Ulwazi olujwayelekile ngezinkukhu zasekhaya

Izinto ezibalulekile ngezinkukhu zasekhaya nangezindlela zokukhiqizwa kwazo:

- Zijwayele ukuba 'ezesintu' noma 'ezendawo'
- Zikhuliswa zibe isibalo esincane (imihlambi ekwe 1-50) ngokujwayelekile imihlambi iba ne 5-15 wezinkukhu.
- Zijwayele ukungavalelwa kanti ukudla okuningi ziyazicingela
- Zijwayele ukuphakelwa izinsalela/izikhokho zasendlini noma umbila/amabele.
- Zidinga ukunakekelwa okuncane ngakwezempilo.
- Zinakekelwa amalunga omndeni kanti zijwayele ukunakekelwa abesifazane nezingane.
- Umkhiqizo omningi ubhekiswe kakhulu ekudleni ekhaya, zibe ibhange (ibhange eliphilayo) ziphinde futhi zisize ezindlekweni ezincane njengezimali zesikole.
- Izikhukhukazi ngokujwayelekile ziqala ukuzalela amaqanda zinamasonto angam 24-30 (6-7.5 izinyanga) ubudala.
- Kunoma isiphi isikhathi kuyenzeka ukuthi kube noma uhhafu wezinkukhu ezikhiqizayo kuthi imbijana angamaphesenti ayisi 8-10 ungazaleli nhlobo.
- Izinkukhu eziningi zikhiqiza izikhathi ezi 2-4 wezingqumbi zamaqanda ngonyaka eziwafukame-layo.
- Zizalela cishe amaqanda ayi 10-12 esidlekeni ngasinye.
- Isikhukhukazi cishe sizalela izinsuku eziyi 12-20 ngaphambi kokuba sibe nengqumbi eyanele yamaqanda bese ingaqala ukufukamela.
- Isikhukhukazi sibe sesifukamela amaqanda izinsuku ezingama21 emva kwalokho amachwane azobe esechanyiselwa.
- Amaqanda angamaphesenti angama 70-90 ayachanyiselwa kuye ngokuthi isiphi isikhathi sonyaka.
- Amachwane ahlala nonina cishe izinyanga ezimbili kodwa isikhukhukazi ngeke size sizalele futhi kuze kube izinyanga ezi 4-6 emva kokugcina ukuzalela.
- Amachwane angamaphesenti anga 20-50 kuphela afika esigabeni sobudala (kanti angamaphesenti angama 85 afaemasontweni amathathu okuqala obudala).

Adapted from: Ahlers et al. 2009



2. Umsoco nengcindezi

2.1 Kungani umsoco ubalulekile?

Uma izinkukhu zivalelwa emahhokweni noma ezindlini, azikwazi ukuzitholela zona ukudla okun- ezakha mzimba ezizidingayo. Ukuziphakela umbila ogayiwe wodwa akwenele futhi ngeke zikwazi ukukhiqiza ngendlela kungenzeka zife. Amachwane angakhula kancane futhi kubelula ukungenwa yizifo. **YINGAKHO KUBALULEKILE UKWENGEZA IZAKHA MZIMBA EKUDLENI KWEZINKUKHU IKAKHULUKAZI UMA ZIVALELWA!**

2.1.1 Uzibona kanjani izinkinga zokungondleki?

Lapho izinkukhu zingondlekile kunezakha mzimba ezishodayo, umfuyi uyoqaphela ukuthi amaqubu ayangcola futhi angabi bushelelezi. Zilengisa amaphiko zikhathele, ziphelelwe umdlandla. Zizoqala ukungcofana zodwa. Ngokujwayelekile lokhu kuqala ngokuthi zichuthane amaqubu zibe sezing- cofana amanxeba.

Izikhukhukazi ezishodelwa umsoco noma izakha mzimba njenge khalisiyamu zidla amaqanda kwesinye isikhathi zidle amagobolondo amadala. Ukuphakela amaqanda abilisiwe kuyasiza ukun- qanda lomkhuba.

2.2 Ingcindezi kanye nezivikeli mzimba

Amasosha omzimba agcina isilwane siphilile. Zonke izilwane kanye nabantu banawo amasosha omzimba. Umsebenzi wamasosha omzimba ukulwisana namagcinwane ahlasele isilwane angenza isilwane sigule. Amasosha omzimba esilwane anjengombutho wempi alungele ukulwisana nezinto ezingena emzimbeni wesilwane ezibeka impilo yaso engcupheni.

Amasosha omzimba atholakala yonke indawo emzimbeni wesilwane. Akhiwe ngezigididi zama-cell amancane kakhulu ongeke uwabone ngamehlo enyama. Uma amagciwane engena emzimbeni wesilwane, lamasosha aqhamuka ndawo zonke azohlasela. Uma lamasosha enqoba impi, isilwane sihlala siphille. Uma ehluleka, isilwane singagula futhi sidinge ukwelashwa. Ama-cell akhiqizwa emnkantsheni wamathambo bese esabalala ngegazi emzimbeni.

Amasosha ayakwazi ukukhumbula isifo ake alwisana naso ngaphambilini. Kwezinye izinhlobo zezifo, amasosha ayakwazi ukukhumbula leso sifo impilo yonke yesilwane. Yize kwezinye izifo amasosha omzimba ekwazi ukusikhumbula isifo uma ngabe sesikhona, kodwa ngokujwayelekile ayakhohlwa uma sekuthathe isikhathi eside isilwane singahlaselwanga ileso sifo.

2.2.1 Yini ejwayele ukubanga ingcindezi?

Ingcindezi ingehlisa inani lezivikeli mzimba bese lokhu kuvumela izifo nezimuncagazi ukuthi zihlase- le impilo yesilwane. Ingcindezi ingabangelwa izinto eziningi:

- Indlala
- kuzalela amaqanda
- Ukushitsha uhlobo lokudla
- Ukoma
- Ukufukama
- Amakhaza (uma isilwane sisendaweni enomoya)
- Ukushitsha kwendawo
- Ukukhathala (ukuhamba ibanga elide)
- Imvula noma ukulala endlini engcolile

2.3 Kungani ukudla kubalulekile?

Nomangabe isilwane sakho singaba nezivikeli mzimba ezinhle kanjani, uma sijwayele ukuhlale silambile noma sidla ukudla okungenawo umsoco owanele, singagula ngokushesha. Lokhu kungabangelwa ukuthi isilwane esingawutholi kahle umsoco ngeke sakwazi ukulwisana nezifo ezinhlobonhlobo ezizama ukusihlasela. Esisodwa noma ezininingi zalezifo singawahlula amasosha omzimba wesilwane esilambile, kusenze singabinamandla futhi singenwe kalula yizifo ezilindele ukuhlasela.

Kuhle ukuba nesilwane esondleke ngendlela ukuze sihlale sisesimeni esihle. Uma kwenzeka sigula, lesosilwane siyakwazi ukusheshe silulame ekuguleni kunalesi esilambayo, esizacile. Isilwane esiphakelwa kahle kulula ukuthi silulame singalashwanga uma sikesagula

Ngakhoke kubalulekile ukuthi izinkukhu zibenokudla okusezingeni elifanele ukuze zikwazi ukugcina amasosha omzimba asesimeni azolwisana nezifo. Isilwane esiphakelwa kahle ngokujwayelekile siphilakahle sibenamasosha omzimba asebenzakahle. Ebusika lapho kungekho ukudla okwanele okufanelekile, isilwane singenwa kalula ukugula.

2.4 Ukudla, Ukuphakela nomsoco

Uma izinkukhu zingakwazi ukuthola ukudla okwanele, azikhuli kahle kanti nomkhiqizo wamaqanda uyehla. Futhi zingenwa kalula izifo ezinhlobonhlobo kanye nezimuncagazi.



Izinhlobo zama protheni ezinkukhu angandisa umkhiqizo

2.4.1 Izakha mzimba ezibalulekile

Lamaqoqo amahlanu ezakhamzimba abaluleke kakhulu empilweni, ekukhuleni, ekukhiqizeni kanye nasekuzalaniseni kuzo zonke izinhlobo zezinkukhu. Izinkukhu ezidedelwe ukuba zizidlele, mvelo, otshanini, emacembeni, ezinambuzaneni nezibungwana, amatshe, izinhlamvu, imbewu kanye nelinga nokunye. Qiniseka ukuthi izinkukhu zakho ziyafinyelela ekudleni okwahlukahlukeni ikakhulukazi lezi zakhamzimba ezinhlanu.

- **Amanzi** – Izinkukhu zingaphila isikhathi eside zingadli kodwa zingasheshe zife uma zingawaphuzi amanzi. Ukukhula kwezinkukhu ezincane kanjalo nomkhiqizo wamaqanda wezikhukhukazi ungehla uma zinganikwa amanzi ahlanzekile njalo.
- **Amaprotheni** – Lokhu kuvamise ukubiza kakhulu ezintweni zokudla, kodwa kuletha inzuzo nemiphumela emihle uma kusetshenziswa ngendlela ngoba izinkukhu ezihamba ziziqhwandela ukudla kwazo khona akunawo umsoco owanele ukukhulisa amachwane Kanye nezisakhula.
- **Amaprotheni aqhamuka ezilwaneni** – ubisi, isibindi, izingcucu zenhlazi, amaqanda kanye neminye imikhiqizo yenyama-yenza kubelula ukukhula kanye nokukhiqiza amaqanda ezikhukhukazini kunamaprotheni atholakala ezitshalweni. Ukukhula nokuphila kwamachwane uma ziphakelwa izikhokho zasendlini bese zithasiselwe ngamaprotheni ngaphezulu kuba ngconywa kakhulu.
- **Ama Carbohydrates** – lezi izinto eziyizitashi ezitholakala ezinhlamvini kanye nasemkhiqizweni yezinhlamvu njengembila, lapha singabala impuphu nokunye. Zinikeza izinkukhu umdlandla noma amandla kodwa uma sezikudla kakhulu okusele kuphenduka amafutha emzimbeni nasemaqandeni.
- **Amamineral** – I calcium carbonate (iqhamuka ezintweni ezifana netshe le-lime, inkwali, emagobolondweni eminenke, emathanjeni nokunye), nalapho kuvela khona uvithamini D njengamagobolondo amaqanda. Amathambo iwona aqukethe icalcium kanye nephosphorous eningi. Usawoti uletha amaminerali abalulekile ezilwaneni. Izitshalo eziluhlaza ziqukethe amamineral abalulekile kodwa amanani amancane. Ungawomisa amagobolondo amaqanda ngokuthi uwafake ku avini noma uwabeke emlilweni ovulekile bese uyawaqotha bese uwanika izikhukhukazi. Qiniseka ukuthi amaqanda uyawathulula lokhu okuphakathi ukuze izikhukhukazi zingezujwayela iphunga bese zingadli amaqanda azo.
- **Amavithamini** – Lokhu kutholakala ngokwemvelo ikakhulukazi ukudleni ukusekusha njengase zitshalweni kanye nasemaqabungeni emifino noma wengeze ngokudla okuthengwayo. Amavithamini agcina amasosha omzimba ephilile.



Different sources of carbohydrates

3. Ukuphatha nokuphawula

3.1 Ukubamba izinkukhu ngendlela efanele

Kubalulekile ukuthi izinkukhuzibanjwe ngendlela efanele. Uma zibanjwa ngokungafanele kungazibangela ingcindezi. Izinkukhu ezinengcindezi zinamathuba amaningi okungenwa yizifo futhi kungenzeka zingabe zisazalela. Gwema ukuzinyakazisa noma ukwenza umsindo omkhulu kungenasidingo. Kuhle ukubambela inkukhu ehhokweni noma ngenkathi uziphakela. Inkukhu kufanele uyibambe ngomlenze hhayi entanyeni, amaphikweni noma ngesisila. Bamba inkukhu ngesandla sakho ngaphansi kwesifuba sayo bese umzimba wayo uncike kuwe ukuze uvikele ukanye ugweme ukuthi ingabhakuzi.



3.2 Ukuqoqa amaqanda

Uma kuqoqwa amaqanda enkukhwini, Umfuyi kumele azame ukungayethusi inkukhu ngoba uma inkukhu iphazanyiswa njalonjalo iyasiduba isidleke ingabe isafukamela amaqanda asele. Uma umfuyi esheshe wabona ukuthi inkukhu isidubile kumele athathe wonke amaqanda awadle bese ehlanza lendawo inkukhu ebizalela kuyo ukuze enye inkukhu ikwazi ukuqala izalele kulesosidleke. Izinkukhu zingafukamela amaqanda ayi 12 ngokuphephile ngakho ke uma amanye alamaqanda athathwa afakwe enkukhwini enamaqanda ambalwa, asengakwazi ukuthi achamiseleke.

3.3 Izindlela zokuphawulwa

Ezindaweni ezisemakhaya lapho imizi isondelene khona, imihlambi yezinkukhu ivamise ukuhlangana ihambe ndawonye. Lokhu kungaholela ekulahlekeni kwezinkukhu, zebiwe noma ziyohlala nezakamakhelwane. Kulezizigameko kungangcono ukuthi umfuyi aphawule izinkukhu zakhe ngokuzifaka umaka ukuze akwazi ukuzihlukanisa kwezinye. Kunezindlela eziningi ezikhona ezinjengokunqunywa kozwani okwenziwa abafuyi izinkukhu zisezincane kakhulu. Ngokujwayelekile, kuye kube ilolu lwesithathu oluphumele ngaphandle. Abafuyi bangasebenzisa amabhande ayinsimbi noma ama-zipties ayimibalabala. Ngalezizindlela, umfuyi kumele aqikelele ukuthi akazinqumi sezikhule kakhulu ngoba zingaphazamisa ukuhamba kwegazi okuya emazwaneni.



Izindlela ezahlukahlukeni zokuphalwa kwezinkukhu

4. Ukuvikela nokugoma

Ngokujwayelekile izinkukhu zasekhaya akumele zivalelwe njengoba okuningi okuhle ngalezinkukhu kubangelwa yindlela eziphila ngayo zikhululekile.

4.1 Izizathu zokuvallelwa kwezinkukhu zasekhaya

Kwezinye izindawo abafuyi balahlekelwa izinkukhu eziningi ngenxa yezilwane zasendle. Kuyenzeka kube nezindlela zendawo zokuvimba lokhu kulahlekelwa (njengokuboshwa kwezingcingo ezingqamula ebaleni noma ukubophela amaplastiki anombala emachwaneni ukubalekisa o klebe) kodwa ke kulezo zindawo abafuyi ababona izindleko zokulahlekelwa zizinkulu kakhulu, ukuzivalela yisona sixazululo kuphela.



Izinhlobo zezilwane ezidla izinkukhu

Ezindaweni ezishishayo noma kwezibanda kakhulu kokunye ngezikhathi zonyaka, amachwane amancane kwesinye isikhathi ayafa ngenxa yesimo sezulu ngakhoke ukuvalelwa kungasiza ukuvimba lokhu kulahlekelwa.

Kodwa ke ukuvalelwa kunezindleko okumele umfuyi aziqonde futhi azihlelele. Izindleko zokwakha amakheji/amahhokwe alungile, izindleko zokuphakela izinkukhu Kanye nomsebenzi ozobhekela izinkukhu ezivalelwe. Kuphinde kube nesidingo esikhulu sezinsiza zezempilo ukulawula izifo njengoba izinkukhu zivalelwe. Ngenxa yokuthi kunezinkukhu eziningi endaweni encane.

4.1.1 Izindlela ezahlukene zokuvalela izinkukhu

Indlela engcono kakhulu ukuthi zivalelwe ebusuku zifakelwe ukudla okuncane namanzi amaninzi kodwa zidedelwe zizifunele ukudla emini. Kuphinde kubaluleke ukuthi amakheji noma lokho okwakhiwe ngakho kuyazivikela izinkukhu kahle ebusuku ezilwaneni zasendle njengoba zizobe zingeke zisakwazi ukuzisiza ngenxa yokuvalelwa.

Enye indlela enhle ukuthi kuvalelwe kuphela futhi kuphakelwe lezo ezisencupheni njengezikhukhu-kazi ezinamachwane nalezo ezifukamelayo. Kungcono ukuvalela amachwane ndawonye nonina kunokuwahlukanisa ngoba izikhukhu-kazi zifundisa amachwane ukuthi ikuphi okudliwayo nokuthi ikuphi okumele zikusabe njalo njalo.

Uma izinkukhu zihlala ngokuvalelwa njalo, ayi ebusuku kuphela, kumele uziphe ukudla okunazo zonke izakha mzimba (bheka isihloko esilandelayo) ngenxa yokuthi azikwazi ukuzifunela zona ukudla okunezakha mzimba ezishoda ngazo. Lokhu kusho ukuthi kumele uzinikeze konke ukudla ezikudingayo okunamanani anele ezakha mzimba eziwadingayo. Ungathenga ukudla kwezinkukhu okudayiswa yizinkampani okubizayo noma ungathenga izithako zokuxuba ukudla okuphelele noma ungasebenzisa ukudla okukhona endaweni okunomsoco ukwenza ukudla okuphelele.

Qaphela: Kuyabiza kakhulu ukuphakela izinkukhu ezihlala zivalelwe sonke isikhathi. Uma uzokwenza lokhu, kungakusiza ukuba uthenge izinhlobo ezixubile zokuhweba zenyama noma zamaqanda ezinomkhiqizo ophezulu okungcono uma ubhekelela imali efakwa ekudleni. Uma uvalela izinkukhu zasekhaya, kumele kube isikhashana esincane, isibonelo uma amachwane esemancane esesencupheni yezilwane zasendle. Kodwa ke uma unendlela yokungena ezimakethe zasemadolobheni edinga izinkukhu zesintu kanti futhi ezikhokhela imali enkulu, ukuzivalela emahhokweninoma endlini kungakungenisela inzuzo.

4.2 Izinhlobo zezidleke kanye nezindlu zezinkukhu

Izinkukhu zakha izidleke noma zizalele amaqanda noma ikuphi uma zinganikeziwe indawo elungile. Lokhu kwenza amaqanda nezinkukhu ezifukamelayo zibe sengcupheni yezilwane zasendle, kanti nokulimala okungaqhamuka kwezinye izilwane ezisekhaya (njengokuntshontshwa kwamaqanda yizinja) okwenezezela ekwehleni komkhiqizo. Ngakho kubalulekile ukuthi umfuyi aba nendawo evikelekile futhi ehlanzekile yezinkukhu ukuthi zakhe izidleke.

Ezindaweni ezishisa noma ezibanda kakhulu kungenza izidleke ezingamathini noma othayela zibande noma zishise kakhulu bese kufa amachwane. Into yokuzalela kuyo kumele isuswe bese ishiswa emva kokufukamela ukuze kufe izimuncagazi kuqedwe nezifo. Lokhu kumqoka kakhulu ikakhulukazi ezindlini ezakhiwe ngotshani noma izingodo. Ngenzansi okungakhethwa kuzo.



Izinhlobo zezidleke

4.3 Izindlela zokungenelela zezempilo

Abafuyi kumele baqondise umehluko phakathi kwemigomo kanye nemithi eyizibulali magciwane njengoba ukudideka kujwayelekile bese kuholela ekutheni imithi ingabe isasebenza ngendlela oanye nokuthatha izinqumo ezimbi kwezokwelapha. Kubalulekile nokuqonda izinto ezisetshenziswayo ezinjenge-zibulali zinambuzana nemithi yokuphuzisela izikelemu.

4.3.1 Ukugoma

Izifo eziningi nezimuncagazi zisabalala phakathi kwezinkukhu. Abafuyi abanemihlambi yezinkukhu ephilile kumele beqaphele ukuletha izinkukhu ezivela kwezinye izindawo njengoba kungandisa amathuba ezimuncagazi nezifo ezintsha ezifika nalezizinkukhu. Ukuvikela isilwane emakhazeni nasezimweni ezimanzi kusiza ukunqanda ingcindezi engaholela ezifweni. Ukujwayela ukwelapha Kanye nokuphuzisela izikelemu kungasiza isilwane ukuthi sikwazi ukulwa nezifo uma singahlaselwe izimuncagazi eziningi kakhulu. Ukugoma yiyona yodwa indlela efanele yokuvikela izifo. Umgomo wesifo se-Nyukhasela ijwayele ukutholakala futhi ibalulekie. Lokhu kumele kwenziwe ngaphambi kokuba inkukhu ithole isifo.

Uma isilwane sakho sigula kungaba kubangelwa yizinto ezahlukahlukeni, okujwayelekile okukodwa noma okuhlangene kokulandelayo: ukungenwa yigciwane elingalapheki, umkhunto, izimuncagazi zangaphakathi okanye nezangaphandle noma ubuthi. Ukuhlola (ukubukeka kwesilwane, umlando waso, indlela esidla ngayo, izinga lokushisa, indlela esiphefumula ngayo, nezinye izimpawu) kungasetshenziswa njengayona ndlela yokuhlola izifo.

Nakuba imithi engozifozonke kuyiyona ndlela esebenzayo yokungenelela engasetshenziswa ezimweni ezithile, kumele kusetshenziswe isikali esifanele, futhi abafuyi kumele beqaphele ukuthi

ukusetshenziswa kwalemithi kuyinto ejwayelekile futhi eyinkinga ngoba iye isetshenziswe ukulapha zonke izinhlobo zezifo ibuye ingasetshenziswa ngendlela efanele. Lokhu sekuholele ekusabalaleni kwemithi engesanamandla okulwa nezifo.

4.3.2 Izinhlobo zezimbagela zokugula

1. Igciwane iyigciwane elithelelanayo eliphindaphindeka kuphela ngaphakathi kuma-cell aphilayo esilwane. Lokutheleleka ngegciwane kuvukuza ukusebenza kwamasosha ukuthi alwisane esilwane negciwane lingabi namandla. Lezizivikeli mzimba zingakhizwa ngemigomo, okuyiyona enikeza izivikeli ezakhelwe ukulwisana nokuthelelana ngegciwane. Ozifozonke abakwazi ukusiza ekulapheni amagciwane.
2. Umkhunto iyabangela yokugula ezilwaneni. Lamagciwane omkhunto athelelanayo awukugula okuvela uma kunezinhlobo zegciwane eziyingozi eziphindaphindeka ngaphakathi emzimbeni. Angalapheka ngezinhlobo ezahlukeni zozifozonke. Lezi zijwayele ukuhlukaniswa phakathi kwezibizwa ngama sulphur based nezingama cyclidine Isibonelo sesifo: isifo samaphaphu. Ngemvamisa lamagciwane ayimikhunto ayasebenzisana ukwenza isilwane sigule, yingakho kumele ujove ngozifo zonke ukulwisana nokutheleleka kwesibili okubangelwa amagciwane ayimikhunto ukusiza imbuzi ibe nempilo enhle ukuze ilwisane namagciwane angalapheki.
3. Izimuncagazi izilwanyakazana eziphila ngesilwane noma esilwaneni futhi zithole ukudla kwazo noma ngokuncela kuleso silwane. Izimuncagazi zingabangela izifo ezinkukhwini.
4. Protozoa izilwanyakazane ezincane eziyi-cell elilodwa ezitholakala emhlabathini nasemanzini ancolile. Zingaba yizimuncagazi ezitholakala ngaphakathi esiswini sesilwane bese ebangela isifo sohudo olubulalayo.

Izimuncagazi ezejwayelekile neziyinkinga zangaphakathi yizikelemu eziwayelekile kanye nezilo. Indlela ejwayelekile yokungenelela ukuphuzisa umuthi wezikelemu. Kunezinhlobonhlobo zemithi ezisetshenziswa ukuphuzisela imindeni ehlukeni yezikelemu. Ukuqinisekisa ukuthi usebenzisa imithi ngendlela efanele, umfuyi kudingeka acacelwe ukuthi isiphi isikelemu anenkinga naso. Umlotha ungasiza ekususeni izimuncagazi ngokwemvelo ezinkukhwini.

Izimuncagazi ezejwayelekile neziyinkinga zangaphandle ezinkukhwini amakhizane, amazeze, izintwala nokhuphe. Okunye kwalezinto kusabalala phakathi kwezilwane zasekhaya. Ziningi izibulali zinambuzane ezingasiza kulezimuncagazi zangaphandle.



Isibonelo somlotha wokubhukuda izinkukhu, ukuxhoshisa izimuncagazi zangaphandle.

4.4 Amaphuzu ayi-11 okuhlola inkukhu

Ukuhlolwa inkukhu kubalulekile ukubheka izindawo eziyinkinga empilweni yayo.

Yini okumelwe ihlolwe		kubhekwa kuphi	kubhekwa ini	Reference
Ekhanda 	1	Ebusweni	Okhuphe, Izintwala, Upokisi	8.1-8.4
	2	Imileceza	Ukulahlekelwa yigazi, Upokisi	6.2 and 7.1
	3	Ulimi	Ulimi oluqinile	2.1.1
	4	Umlomo	Okungekho esimweni, upokisi	7.1
Umzimba 	5	Okhuphe	Bomzimba, Amakhizane, Izintwala	8.2-8.4
	6	Ngaphansi kwamaphiko		8.2-8.4
	7	Phakathi kwezimpaphe		8.2-8.4
	8	Isifuba	Isimo somzimba	1.1
Emuva 	9	Isinqe	Uhudo Ukungcola Okungekho esimweni	6.1, 6.3-6.5
	Izinga lokushisa lithathwa lapha futhi kumele libe ngu 42°C			
Izinyawo 	10	Amazengezege emilenze	Okhuphe obenza imilenze emaholoholo	8.1
	11	Ngaphansi konyawo	Amabatha	6.6

5. Ukwelapha

5.1 Imikhuba emihle yenhlanzeko

- Hlamba izandla njalo ngensipho namanzi ngahambi nangemuva kokulapha nokubamba izinkukhu. Isibulali magciwane sokugeza izandla naso singasetshenziswa.
- Ngaso sonke isikhathi sebenzisa izinaliti ezintsha ezibukhali lapho ungakhona
- Izinaliti eziyinsimbi kufanele zibiliswe njalo ngamanzi abilayo.
- Noma imuphi udoti wesilwane isbonelo: uma kade ukhama ithumba, igazi, iziboya, noma inyama kufanele kulahlwe ngokushiswa, ukugqitshwa noma okungenani kufakwe ethoyilethi lomgodi ukuvikela ukusabalala kwamagciwane.

5.2 Izinto ezisemqoka ekufanele zibe sesikhwa-meni semithi (vet kit)

- Isikhwama esincane esigcina ukubanda-ukuze ugcine imithi ibanda nokuyivikela ingashiswa yilanga
- Incwadi yezinkukhu
- Ubisi oluyimpuphu/skim milk- luxutshwa namanzi ukuze lukhuthaze ukusebenza komgomo we-Newcastle
- Isibulali magciwane/Antibiotic-Eyokulapha isifo sohudo lwamagciwane
- Umuthi wezikelemu- Uphuziswa izinkukhu ezinezikelemu
- Umshini wokuthatha amazing okushisa/temperature gauge
- I-flask eyinsimbi-ukugcina imithi yokugoma ibanda
- Iodine spray- Ukwelapha ukhwekhwe lwezilonda zikapokisi
- Karbadust- Ukwelapha izinkukhu ezinezimuncagazi zangaphandle
- Upholishi omnyama wezicathulo- Ukwelapha izilonda zikapokisi noma ukhwekhwe
- Umgomo weNyukhasela
- Isipetu sokuphuzisa umuthi



5.3 Ukugcinwa kwemithi

Funda ipheshana elinemininingwane eliphuma nomuthi owuthengile, ngoba leyomininingwane inolwazi olubalulekile mayelana nokusetshenziswa komuthi njengesikali somuthi okumele uwusebenzise, ukuthi uphephile yini esilwaneni esimithi nokuthi ungawugcina endaweni enjani.

Ukugcinwa kwemithi


Bheka indlela yokugcina umuthi kwimininingwane ephuma nawo:

- Ingabe umuthi uyadinga yini ukufakwa esiqandisini?
- Ingabe kuyadinga ukuthi umuthi uwugcine endaweni epholile futhi engangenwa yilanga?
- Imigomo eminingi kudingeka igcinwe kwisiqandisi esingenalo iqhwa endaweni epholile – kodwa ukuyigcina kwisiqandisi esinamaqhwa ngoba lokho kungawubulala umgomo bese ungabe usasebenza.



Ukuphelelwa yisikhathi

- Usuku lokuphelelwa yisikhathi yilapho umuthi usumdala ungeke usasebenza kahle.
- Uma uthenga umuthi wokulapha nowokulawula izikelemu noma idiphu-bheka ukuthi umuthi uphelelwani yisikhathi!
- Ungayigcini imithi ize iphelelwe yisikhathi ngoba kungenza ukuthi ungasebenzi kahle.
- Noma zama ukwabelana nabanye abalimi noma thenga umuthi olingene ukusetshenziswa ngalesosikhathi.



Isikhathi sokuhlala komuthi egazini lesilwane

Ngokwemithi eminingi, kumele umfuyi alinde izinsuku ezithile noma amaviki emva kokusebenzisa umuthi embuzini, nangaphambi kokudla inyama noma ukuphuza ubisi lwayo. Lokhu kubizwa ngokuthi isikhathi sokuhlala komuthi egazini nasemzimbeni wesilwane lokhu kuyabhalwa ephepheni lemininingwane eliphuma nomuthi. Uma uke wadla inyama noma waphuza ubisi ngaphambi kwalesisikhathi, nawe ungathola lomuthi egazini.

5.4 Iketanga lokubanda

Iketanga lokubandisa lilawula amazinga okubanda ekuhanjiseni kwemithi. Lapho kuthinteka khona imigomo kubalulekile ukucina imithi ezingeni lokubanda elifanele kuze kube iyasetshenziswa. Kodwa ke imithi kumele ibekwe emazingenii afanele futhi igcinwe kude nalapho kungena khona ilanga.

1. Ibhokisi lokuqandisa lingayigcina imithi ibanda isikhathi esingange hora elilodwa ngaphandle kokufaka iqhwa. Uma usebenzisa ibhokisi lokuqandisa, kuyancomeka ukuthi usebenzise neqhwa ukuze ugcine imithi ibanda isikhathi esingamahora amabili.



2. Iqhwa kumele lisetshenziswe kanye nebhokisi lokuqandisa noma kuthuthwa imithi.



3. I-flask ingagcina imithi ibanda isikhathi esifinyelela emahoreni amane.



4. Indawo engezansi yesiqandisi (fridge) igcina izinga lokushisa eliphakathi ka +3 kuyaku +8 degrees. Indawo yesiqandisi enamaqhwa (incike ekuhleleni kwamazinga okubanda esiqandisini) iwu -5 kuyaku -10. Imigomo nemithi ayigcinwe endaweni engezansi yesiqandisi ingafakwa kulena engenhla.



5. Lesi isiqandisi esinamaqhwa (freezer). Awukho umuthi okumele ugcinwe kuso.



INGXENYE YESIBILI

Izifo, izimuncagazi kanye nezimo eziyinkinga



6. Izifo

6.1 Isifo seNyukhasela (Paramyxovirus)

Izifo	Ukuvikela
• Ukuvumbuka kwesifo senyukhasela kuholela ekufeni kwezinkukhu eziningi. • Inkukhu esihlabekile ivokomala amaqubu engathi namaphiko isiwahudulela phansi. • Inkukhu ibukeka engathi iyazela futhi ingadli. • Inkukhu iphefumula kanzima kube ngathi ineophika. • Ikhandu nomqala kuyadumba. • Kuba nesitingi/hudo esiluhlaza okotshani. • Inkukhu ijijeka intamo ikhandu libheke emuva. • Ngokujwayelekile inkukhu iyafa emva kwezinsuku ezintathu ukuya kwezine. 	Inkinga enkulu ekukhiqizeni izinkukhu zasekhaya isifo senyukhasela. Lesi sifo sibangelwa igciwane elibizwa iParamyxovirus eligadla ngezinhlobonhlobo zemikhuhlane. Kwesinye isikhathi leligciwane libulala izinkukhu ezincane emhlanjini kwesinye isikhathi libe umashayabhuqe woqobo (ukulahlekelwa kungaye kufike ku 90% emhlambini). • Indlela yokwehlisa noma yokunqanda ukufa kwezinkukhu ukugomela lesi sifo ezinkukhwini zakho. • Uma imizi iseduzane nezindawo ezakhiwe noma namaplazi amakhulu ezinkukhu okanye izikhungo zezimpesheni la kufika khona izimoto zizodayisa izinkukhu, kungakuhle yonke leyo mizi igome izinkukhu Kanye namachwane okungenani Kanye ngenyanga. • Kulezi zindawo ezikude futhi ezinamathuba amancane ezifo kungcono zogonywe njalo emva kwezinyanga ezintathu. Ukugomela inyukhasela kungenziwa ngezindlela ezine: Ngokuconsisela emehlweni – ngalendlela umgomo usebenza kahle kakhulu kodwa inking ukuthi kufuneka ubambe inkukhu ngayinye lokho kungathatha isikhathi eside. Umgomo we ND La Sota ungaconsiselwa emanzini uma uxutshwe no 30ml wamanzi ahlaziwe noma usebenzise amanzi asemabhodloleni angenakuzoyiza. Emva kwalokho ufaka iconsi ehlweni ngalinye lenkukhu ngayinye. Ngokufutha – Lokhu kusetshenziswa ikakhulukazi lapho kukhiqizwa khona izinkukhu zenyama eziningi ezisuke zivalelwe eshedini. Umgomo oxutshwe namanzi ube sewufafazwa ezinkukhwini. Lomuthi ofuthwayo ube sewungena ngamakhala ngomphimbo nangamehlo. Kunzima ukwenza lokhu uma izinkukhu zingavalelwe. Emanzini aphuzwayo – lokhu kusebenza kahle kakhulu ezinkukhwini ezifuywe emakhaya kulula lokhu ngoba akudingekile ukuba ulokhu uzibamba ngayinye, kodwa izinkukhu kudingeka ukuthi zingawatholi amanzi nxa seziphuza amanzi anomgomo. IYONA LENDLELA ENCONYWAYO EZINKUKHWINI EZIFUYWE EKHAYA KODWA NAYO KUFANELE YENZIWE NGENDLELA EFANELE! Ngenalithi – Le ndlela ichaza ukuthi inkukhu idinga ukubanjwa ngayinye lokhu kunganzima futhi lokhu kudinga abantu abaningi (Bheka ikhasi elilandelayo ukuthola izikhathi okunconywa ukugoma ngazo).

Recommended vaccination system


- 1. Ukuthuthwa nokubekwa komgomo:** Gcina imigomo kwiflaski yensimbi evalekile eneqhwa uze ufike ekhaya noma ehhovisi, ifake esiqandisini phakathi kuka 2-8oC. UNGAYIFAKI ENDAWENI ENEQHW A SIQANDISINI! Uma uzoyosebenza nabafuyi ezindaweni zabo kungcono umgomo uwufake eflaskini yensimbi namaqhwa. Umgomo ungabi ngaphandle kwesiqandisi noma kweflaski futhi mawungabekwa elangeni ngqo noma kungaba isikhathi esincane kanjani.
- 2. Ukulungisa amanzi ngaphambi kokufaka umgomo:** Amanzi adinga ukubekwa esitsheni esivulekile seplastiki kungaba indishi okanye umgomo we plastiki isikhathi esingange hora kuyima ufaka umgomo kuwo, amanzi kumele acwebe futhi ahlanzeke. UNGASEBENZISI ISITSHA SENSIMBI NOMA SIKATHAYELA! Faka uhhafu wenkomishi yobisi olwamanzi okuthiwa iskim milk (oluselusha noma olu.....) noma izipuni ezimbi zobisi oluyimpuphu endishini yamanzi. Lokhu kudambisa ubuthi bamanzi bese kuqinisa umgomo.
- 3. Ukufaka iphilisi lomgomo emanzini:** Faka lelibhodlela lengilazi eliphethe iphilisi ngaphansi kwamanzi. Kuselapho ngaphansi kwamanzi, donsa isivimbo esivale ibhodlelana bese ulihlambulula khona lisengaphansi kwamanzi uze uncibilike wonke umuthi ebhodleleni.
- 4. Ukuhambisa umgomo kubafuyi bezinkukhu:** Umgomo mawuthelwe ezitsheni zabafuyi ngokukhulu ukushesha. Lomgomo osuxutshiwe kumele usetshenziswe angakapheli amahora amane. Uma sekuphele amahora amane umgomo uzobe usufile ngeke usakwazi ukuvikela izinkukhu esifweni seNyukhasela.
- 5. Ukuthuthwa komuthi wokugoma:** Umgomo osesitsheni esingamalitha amabili ungenela emihlambini yezinkukhu ezimakhaya eminingi. Umgomo kumele uphathwe ngesitsha sengilazi noma kwese plastiki. Kumele sifakwe esikhwameni (kuyancomeka kube iphepha elinsundu) ukuvikela umgomo elangeni elingalibulala.
- 6. Ukunikeza izinkukhu umgomo osuxutshiwe:** Ngokushesha uma umfuyi efika ekhaya, makanikeze izinkukhu umgomo. Abafuyi mabangasebenzisi izitsha zensimbi kodwa akusetshenziswe esepplastiki noma izinto ezitholakala endaweni njengamathayi asikiwe noma amatshe okugaya. Kubalulekile ukuthi uncishe izinkukhu zakho amanzi ngayizolo kuzosa zomile ukuze uqinisekise ukuthi umuthi ziwuphuza masinyane. Uzincisha amanzi ngokuthi uzivalele ehhokweni zingabi namanzi okuphuza zome bese kuthi masezithola umgomo ziwuphuze ngokushesha.



6.2 Upokisi

Izimpawu	Okokuvikela	Okokulawula	Okokwelapha
Izilonda/ukuvuvukala kogedla, imileceza nesikhumba esisebusweni. Kuqala kube amabala aphaphathekile kube phuzi kudumbe ngaphambi kokuba kome kwakheke ikhekheba elinsundu. Ukudumba emakhaleni kungenza amafinyila. Izilonda okanye ukudumba emehlweni kungabangela ukuvaleka kwamehlo. Upokisi ungavela kwi.....bese ubizwa ngopokisi omanzi okanye idiphtheria. 	Vikela lesisifo ngokugoma ngomgomo kapokisi (fowl pox vaccine). Sebenzisa isipetu ukuxuba isinxube nomgomo ugcobhoza inalidi ewu 14/15 gauge usayizi emgomeni bese ukwebha inkukhu ephikweni noma ethangeni ngaphandle kungeqi ku 3mm. Kunconywa ukuthi inkukhu igonywe emasontweni okuqala ichanyiselwe bese iphindwa futhi emva kwamaviki ayi 12 kuya kwayi 16 ubudala. Izinkukhu ezindala zingagonywa nazo. Ukugoma kungadala izivikeli mzimba esilwaneni. Hlukanisa ezigulayo neziphilayo ukuvimbela ukwanda kwesifo. Ungagomi uma sekubheduke isifo ekhaya noma maduze emva kukuba khona kwesifo.	Gwema amazenze nomiyane endaweni njengoba kuyikho okwandisa lesi sifo phakathi kwezinkukhu. Faka uphawuda obizwa nge carbodust la zilala khona nalapho zizibhuquza khona emhlabathini. Faka icarbodust emanzini amile ukubulala omiyane.	Akukho okokwelapha lesisifo kodwa umfuyi angenza izaba ngokuthi asebenzise isifutho se iodine noma upholishi omnyama (onesithako se iodine) ezilondeni ukuze zisheshe zome ukuvimbela ukubhebhetheka.

6.3 Uhudo olubangelwa amagciwane olubulalayo

Izimpawu	Okokuvikela	Okokulawula	Okokwelapha
Lokhu kubangelwa amagciwane abasemathunjini bese kuholela ohudweni olunegazi. Izinkukhu ziyonda bese zingakuthandi ukudla Kanye namanzi. Loluhudo lungazibulala izinkukhu uma luyekwa lungelashwa. 	Lamagciwane ahlezi ekhona ezinkukhwini lokho kwenza kubenzima ukuzelapha nokulawula. 	Lesisifo singabangelwa yingcindezi Kanye nezinkinga zokudla ikakhulukazi ukushoda komsoco ehlukene.	Lapha izinkukhu ezigulayo ngesibulali magciwane esixutshwa namanzi.

6.4 Ikholera yezinkukhu

Izimpawu	Okokuvikela	Okokulawula	Okokwelapha
Izinkukhu ezigulayo ziyashisa bese ziqhaqhazele. Ijuza amathe afana nezikhwehlela. Zihuda uhudo olwamanzi olunemicombozana yegazi.  	Ukugoma bese kuthi lenkukhu egulayo ibekwe eceleleni ukuze ingatheleli eziphilayo.	Amagundane iwona athwala lezi zifo ngaleyondlela kufanele anqandwe angangeni ezindlini zezinkukhu.	Lapha izinkukhu ezigulayo ngesibulali magciwane esixutshwa namanzi okuphuza.

6.5 iGumboro

Izimpawu	Okokuvikela	Okokulawula	Okokwelapha
Lesi sifo sibuye saziwe njenge-infectious Bursal Disease futhi sibanga ukudumba kwezinqa zenkukhu. Izinkukhu zihuda amanzi bese kungcola amaqubu azungeze izinqe. Ugamboro wenza amasosha omzimba abentekenteke futhi inkukhu ethelelekile itshengisa ezinye izifo. 	Gomela uGamboro.	Lesi sifo sandiswa izitingi zezinkukhu esezihlabekile ngaleyondlela beka lezi ezigulayo zodwa bese uvimba lezi eziphilayo zingahlali lapho kunezitingi ezithelelekile (practice biocontrol).	Lapha izifo ngesibulali magciwane esinjengo Consumix plus noma iColiprim.

6.6 Amabatha

Izimpawu	Okokuvikela	Okokulawula	Okokwelapha
Izinkukhu zixhuga emlenzeni owodwa futhi amathe onyawo atholakala evuvukele futhi abebuhlungu kujwayeleke ukuthi kube noqweqwe olunsundu maphakathi nonyawo kuvuvukale. Ubomvu kuyenzeka buphume eceleni koqweqwe. 	Amabatha ajwayele ukumila uma kunobumanzi noma kunomswakamo kuleyondawo futhi iye ibangwe ukusikeka okuba sezinyaweni lokho kuvula ithuba lokuthi kungene amagciwane. Ngokuvamile ukuhlanzeka okubalulekile. Gcina ngokuhlukana izinkukhu eszisulelekile ngokuhlukana nomhlambi wonke. Lahla ubomve ngendlela efanele uma kade uhlanza unyawo ukuvikela ukuthi ukufa kungasabalali.	Ngokujwayelekile inhlanzeko ibalulekile endaweni lapho izinkukhu zizulela ngakhona. Lokhu kumbandakanya ukuvikela ukungangcolisi indawo ngobomvu obuphuma emathumbeni ezinye izilwane.	Khipha uqweqwe bese uhlanza isilonda nge iodine noma ngamanzi asithuku anosawoti ukukhipha ubomvu. Futha inxeba ngesifutho sezilonda bese umboza umakwenzeka ukuze usigcine sihlanzekile. Jovan ngo ngo hhafu wemililitha (0.5ml) wozifozonke onceleka kancane egazini onesithako se oxytetracycline onjenge Terramycin LA ethangeni lenkukhu esicutshini. Shisa ubomvu ukuvikela ukusabalala kwesifo kwezinye izinkukhu futhi uhlanzise amathuluzi abesetshenziswa.

7. Izimuncagazi zangaphakathi

7.1 Izikelemu ezinsungulu

Izimpawu	Okokuvikela	Okokulawula	Okokwelapha
Izinkukhu kungenzeka zingakhuli ngendlela noma zikhombise izimpawu zokulahlekelwa igazi (ugedle namalecelece aphaphathekile). Kokunye kuba nezikelemu emathunjini enkukhu uma uyihlabile. Kungaba nanezimpawu zesifo sohudo. Izikelemu eziningi ngokweqile zingaholela ekufeni kwenkukhu. 	Nikeza wonke umhlambi umuthi wezikelemu kabili ngonyaka. Ikhona imikhiqizo ethengisayo njengalo wakwa Bayer obizwa ngeFlubenol, ukwazi ukulawula izinhlobo eziningi zezikelemu zezinkukhu nezingulube. Ungasebenzisa imikhiqizo ebhaliselwe amajuba noma izintshe (ostriche). Abanye abafuyi basemakhaya bafaka amacembe enhlaba emanzini ukuzama ukulawula izikelemu.	Vimbela ukuthi umquba ungaze ube yinqwaba endlini yezinkukhu noma la zizalela khona. Gcina izinkukhu zakho ziphilile ngokuthi uziphakele ngendlela ukuze zingabi sengcupheni yokuhlaselwa izimuncagazi.	Bamba uphuzise leyonkukhu ngayodwa ekhombisa ukuthi inezikelemu. Ukulapha izikelemu kungenziwa nangokufaka emanzini okuphuza uma uzokwelapha zonke izinkukhu.

7.2 Isikelemu esiyibhande

Izimpawu	Okokuvikela	Okokulawula	Okokwelapha
Izikelemu ezingamabhande, ziyizicaba, zimise okweribhini, ziyizikelemu zamathumbu eziyizingcucu zomndeni wohlobo lwezikelemu ezingamabhande. Zijwayele ukutholakala emgudwini wamathumbu ezinkukhu zasekhaya ezingavalelwa emhlabeni wonke jikelele. Zehlukile kulezi eziyinsungulo eziphila ngokukhululeka emathunjini, lezi ezingamabhande zinamathela ezindongeni zamathumbu amancane zisebenzisa indawo yazo yomlomo ecije yagoba/hook. Lezikelemu azibangi umonakalo obonakalayo emathunjini, kodwa ke zithatha wonke umsoco enkukhwini, ziyalimaza empilweni, okuholela ekutheni inkukhu ingakhuli ngendlela ibhashe, yehle emzimbeni, ishode ngomsoco, kwande amathuba okungenwa izifo. Uma isikelemu esiyibhande sesikhule ngokwenele saba sidala, sinqamula ingxenye yezicucu zaso ezisuke zithwele amaqanda, zidluliseleka emathunjini ziphume nezitibhili bese zithelela yonke indawo. Izincucu ezinamaqanda zidliwa ezinye izilwane ukuphelelisa umjikelezo wempilo yesikelemu bese zichamseleka.	Lapha wonke umhlambi wezinkukhu kabili ngonyaka ngomuthi ophuziswayo onesithako se-albendazole imvamisa ayikho imithi ebhalisiwe kodwa ikhona leyama-ostriches ebhalisiwe engasetshenziswa.	Vimbela ukuthi umquba ungaze ube yinqwaba endlini yezinkukhu noma la zizalela khona. Gcina izinkukhu zakho ziphilile ngokuthi uziphakele ngendlela ukuze zingabi sengcupheni yokuhlaselwa izimuncagazi.	Bamba uphuzise leyonkukhu ngayodwa ekhombisa ukuthi inezikelemu. Ukulapha izikelemu kungenziwa nangokufaka emanzini okuphuza uma uzokwelapha zonke izinkukhu.
 			

8. Izimuncagazi zangaphandle

8.1 Okhuphe obenza imilenze emaholoholo (Scaly leg mites /knemidocoptes mutans)

Izimpawu	Okokuvikela	Okokulawula	Okokwelapha
Ukhuphe lwemilenze lucasha ngaphansi kwamazenge ezinyawo nasemilenzeni bese budala amaholoholo kungahambeki. 	Okhuphe basabalala ngokuthintana ngakho kubalulekile ukuba lapha futhi uhlukanise izinkukhu esezihlaselekile.	Izindlu namahhokwe kufanele kuhlanzwe njalo futhi uma kungenzeka, kufakwe izibulali magciwane.	Gcoba iBenzyl Benzoate phezu kwemilenze. Lokhu ungakuthenga emakhemisi ajwayelekile lapho kwaziwa ngokuthi i-Ascabiol umuthi wokwelapha ukhwekhwe ezinganeni.

8.2 Okhuphe bezinkukhu (Dermanyssus gallinae)

Izimpawu	Okokuvikela	Okokulawula	Okokwelapha
 Ukhuphe olubomvu luncane kakhulu futhi lungabonakala lunombala osibhakabhaka noma obomvu emva kokuncela igazi lenkukhu. Lugcwala endlini ngokujwayelekile lucashe eminkenkeni yendlu.	Labokhuphe bathwala izinkukhu, ngakho ke ukuthenga izinkukhu ezithelekile kungenza kutheleleke wonke umhlambi wakho. Umlotha ungafakwa esitsheni esidala ukuze izinkukhu zikwazi ukubhukuda kuwo ukulawula izimuncagazi.	Izindlu namahhokwe kufanele kuhlanzwe njalo futhi uma kungenzeka, kufakwe izibulali magciwane.	Qhola iKarbadust ezinkukhwini noma okufanayo. Faka inkukhu esikhwameni ikhanda uliveze ngaphandle. Faka iKarbadust esikhwameni esinenkukhu bese uyixukuza ngobunono ukuthi umuthi ungene kahle enkukhwini.

8.3 Imikhaza yezinkukhu (Argus persicus)

Izimpawu	Okokuvikela	Okokulawula	Okokwelapha
Inkukhu ilahlekelwa igazi noma iphaphatheke futhi kujwayeleke ukuthi ikhubazeke. Kuba namabala abomvu lapho kade kudla khona imikhaza. Imikhaza yezinkukhu incela igazi ebusuku emini ayibonakali ezinkukhwini kanti ilokho okwenza kubenzima ukuyihlonza.  	Ungalinge uthenge izinkukhu ezithelekile uzozifaka emhlambini wakho. Umlotha ungafakwa esitsheni esidala ukuze izinkukhu zikwazi ukubhukuda kuwo ukulawula izimuncagazi.	Izindlu namahhokwe kufanele kuhlanzwe njalo futhi uma kungenzeka, kufakwe izibulali magciwane. Imikhaza icasha ekujuleni kwezingodo ngakho kubalulekile ukuthi kuhlanzisiswe izindlu nezidleke.	Qhola izinkukhu zakho ngeKarbadust noma okufanayo. Faka inkukhu esikhwameni ikhanda uliveze ngaphandle. Faka iKarbadust esikhwameni/ephaketheni bese uyixukuza ngobunono ukuthi umuthi ungene kahle enkukhwini.

8.4 Izintwala zezinkukhu (Menopon gallinae)

Izimpawu/Izinkinga	Okokuvikela	Okokulawula	Okokwelapha
  Izimpaphe eziqothukayo ziwe emzimbeni wonke. Zingatholakala zikhasa enkukhwini ngansi kwezimpaphe kodwa zihamba ngokushesha bese zisuka ekukhanyeni uma izimpaphe sezihlukene. Zisabalala kusuka enkukhwini kuya enkukhwini ngokuthintana kanti nesidleke samaqanda alezintwala sijwayele ukutholakala eziiqwini zezimpaphe ngaphansi kwezikhala zeziqu.	Ungalinge uthenge izinkukhu ezithelekile uzozifaka emhlambini wakho. Umlotha ungafakwa esitsheni esidala ukuze izinkukhu zikwazi ukubhukuda kuwo ukulawula izimuncagazi.	Izindlu namahhokwe kufanele kuhlanzwe njalo futhi uma kungenzeka, kufakwe izibulali magciwane.	Qhola izinkukhu zakho ngeKabadust noma okufanayo. Faka inkukhu esikhwameni ikhanda uliveze ngaphandle. Faka iKabadust esikhwameni esinenkukhu bese uyixukuza ngobunono ukuthi umuthi ungene kahle enkukhwini.

9. Izinkinga zokudla

9.1 Ukudlana kwezinkukhu

Izimpawu	Okokuvikela	Okokulawula	Okokwelapha
  Lapho izinkukhu zishodelwa umsoco, abafuyi bangaqaphela ukuthi izimpaphe zezinkukhu ziba manikiniki singabi bushelelezi. Ukunqomfana kuxhumene nokushoda kwama protheni, i-sodium, ne-phosphorus. Zilenga amaphikoi zithothobale. Zibe seziqala zinqomfana. Ngokujwayelekile lokhu kuqala ngokuthi zilume izimpaphe zezinye izinkukhu bese ziluma izilonda ezikhandekile.	Izinkukhu kudingeka zidle ukudla okunjengombila namabele ikakhulukazi uma zivalelwa. Kumele zinikezwe indlela yokuthola amaprotheni. Bheka amakhasi le13 kuya ku 14.	Uma izinkukhu zivalelwe, ziphakele ukudla okunamaprotheni anele kanye neminye imisoco. Bheka isigaba esikhuluma ngomsoco.	Hlukanisa izinkukhu ezilunyiwe ukuze ziphole njengoba uma sezike zalunywa nezinye zizoqala zizingqofe nazo.

9.2 Ukudla amaqanda

Izimpawu	Okokuvikela	Okokulawula	Okokwelapha
Izikhukhukazi ezizalelayo zingaba ne-Calcium enganele uma zingakutholi ukudla kokwengezwa okunalesithako somso, kungaba ngokwenziwa noma ezikuthola uma zidla ngokujwayelekile. Okuyizona zimpawu ezejwayelekile zalokhu, yilapho izikhukhukazi ziqala zebe noma zidle amaqanda ezinye izinkukhu noma awazo. Uma nje izikhukhukazi zike zangenwa yilomkhuba, ngokujwayelekile akube kusabalula ukuziyekisa sekungadingeka zinqunywe. 	Izinkukhu kumele zinikezwe ukudla okwengezwe nge-calcium ngesikhathi zizalela nangemva kokuzalela.	Ukuphakela izikhukhukazi amagobolondo amaqanda abilisiwe kungasiza ukuvikela lomkhuba wokudla amaqanda. I-calcium engeziwe kumele inikezwe ekudleni kwazo. I-bone meal nayo inganikezwa njengokudla kokwengeza umsoco lapho izinkukhu zingakungcomfa uma zikudinga. Nakuba amagobolondo amaqanda kuyiwona asizayo ukungenelela, kodwa lawo magobolondo kudingeka ukuba abiliswe noma ashiswe, kungenjalo izinkukhu zizohlezi zikhumbula indlela anambitheka ngayo bese ziqala zidle amaqanda.	Izinkukhu kumele zinqunywe.

INGXENYE YESITHATHU

Ukumaketha kanye nezinqumo zokuphatha



10. Ukumaketha Kanye nezinqumo zokuphatha

Iningi lamakhaya linemihlambi emincane yezinkukhu zesintu. Ngokunyuka kwezinga lokuphatha, lokhu kungashintsha ngokushesha bese kwakheka imihlambi yezinkukhu engu 100 kuya ku 150. Umfuyi kumele azinqumele ukuthi zingaki izinkukhu angazigcina ngomhlambi, ebheka nezindleko ezizovela zokuphakela. Umfuyi engathatha izinqumo mayelana nokudliwa kwezinkukhu zasekhaya kanye namaqanda ngonyaka kuqhathaniswa nokuthi kungaki okuzodayiswa.

11. Ukulawula amanani omhlambi wezinkukhu

Umndeni kufanele uthathe isinqumo ngokuthi udinga izikhukhukazi namaqhude amangaki oku-zokwazi ukuhlangabezana nezidingo zomndeni noma inhloso yokudayisa. Ukugcina izinkukhu kudinga imali ngoba uma seziningi azikwazi ukuphila ngokuhamba ziziphandela kuphela yingakho ke umndeni kufanele uziphakele ukudla. Uma umhlambi wanda, zihlala zibanokugula bese kuphin-de kuchithwe imali eningi ngemithi yokuzelapha. Ngakho umndeni kufanele uthathe isinqumo ngokuthi zingaki izikhukhukazi abazidingela amaqandanezizokhulisa amatshwele. Emva kwalokho sebengabheka ukuthi badinga amaqhude amangaki (iqhude elilodwa ezikhukhukazini eziyi 5). Onke amanye amaqhude adinga ukudayiswa uma esemakhulu ngokwanele ngoba ukuwagcina kudla imali. Izikhukhukazi namaqhude uma esemadala awabe esakwazi ukukhiqiza kahle ngakho umndeni kufanele uwashintshe uma eseneminyaka engaphezu kwemibili. Kungadingeka bagcine amarekhodi ukuze bazi ukuthi zindala kangakanani izinkukhu zabo. Ngokwesilinganiso esigcine phansi sokwenza ngcono izikhukhukazi eziyi 5 ezisesimeni esihleneqhude zingakwazi ukukhiqiza izinkukhu ezingama 50 ngonyaka ezingadayiseka (5 wezikhukhukazi x 2 ukuzalela x 5 amatshwele akhulile ngebutho).

12. Ukukhiqiza izinkukhu ezidayisekayo ngobuningi

Ngenxa yendlela ezinambitheka ngayo nendlela ezwakala ngayo, inyama yezinkukhu zasekhaya iyona ehlale ifunwa ngisho emadolobheni nasemalokishini amakhulu-abantu bahlale bezimisele ukukhokha imali engaphezu kuka R100 ngenkukhu iyinye. Uma abafuyi abasebancane benalendawo yokudayisa kuyasiza ukuphakela ngendlela eyiyo. Uma kunesidingo esikhulu semibala ethile noma uhlobo, lapho ke umndeni usungazama ukukhetha ulandela lezozinto ezisemqoka.



Bangagcina izikhukhukazi namaqhude ezinohlobo lwaleso simo bachithe (bahlabe noma badayise) lezi ezingelona uhlobo abaludingayo. Ngokuhamba kwesikhathi bazokhiqiza uhlobo lwezinkukhu okuyilona oluthandwayo nolufunekayo kakhulu.

13. Ukuthuthukisa umkhiqizo wamaqanda

Ngaphandle kokuphakela izikhukhukazi ngendlela ukuze zandise inani lamaqanda eziwazalela ngonyaka, nazi izindlela zokungenelela ezingaqinisekisa ukuthi umndeni uthola amaqanda asezingeni eliphezulu emhlambini wawo.

13.1 Ukuqoqa amaqanda nokuwamaka

Umndeni kufanele uqoqe amaqanda zonke izinsuku ukuze babenamaqanda asesimweni okudla nasemasha azochanyiselwa isikhukhukazi. Uma amaqanda eshiywe esidlekeni, kwesinye isikhathi ayabola inkukhu ingakaqali nokuchamisela kokunye antshontshwe izinja. Umndeni ungabeka omaki (isibonelo wenze izinkanyezi ngomsizi) emaqandeni ukuze bakwazi ukuwalawula. Isibonelo, uma bebona iqanda elisha esidlekeni, balibeke umaka noma inombolo. Ngosuku olulandelayo uma sekukhona elinye iqanda elisha esidlekeni bathathe leli abalimake ngayizolo balibeke ngaphakathi endlini. Bangabeka umaka kuleli elisha ukuze bakwazi ukulibona ngosuku olulandelayo. Ngaleyondlela bangakwazi ukubona ukuthi iliphi iqanda elizalelwe nsukuzonke. Lokhu kusho ukuthi bangakhipha amaqanda amadala bashiye amasha ukuze inkukhu iqhubeke isebenzise isidleke esifanayo. Umndeni ungabhala kwiqanda ngalinye usuku elibekwe ngalo. Lokhu kungasiza ukuthi badle amadala kuqala. Lokhu futhi kungasiza ukuthi banikeze isikhukhukazi amaqanda asemasha angakwazi ukuchamiseleka.

13.2 Ukukhiqiza amaqanda angachamiseleki

Abanye abantu bathanda amaqanda angachanyiselwanga ngeqhude. Umndeni ungakwazi ukukhiqiza amaqanda ngaphandle kweqhude kodwa lokhu kudinga ukuvalela izikhukhukazi zakho uzinikeze konke ukudla okudingekile. Kungaba ngcono umndeni ugcine izikhukhukazi zokuhweba zamaqanda uma ufuna ukukhiqiza amaqanda angachamiseleki.



13.3 Indlela engcono yokugcina amaqanda

Kungcono ukuthi amaqanda agcinwe endaweni epholile. Amaqanda azodliwa angagcinwa esiqandisini kodwa uma umndeni uzimisele ukuwachamisela kungcono agcinwe endlini epholile. Uma umndeni udayisa amaqanda kufanele ubenesiqiniseko sokuthi asesimweni kanti futhi asezingeni elifanele. Ungakwazi ukuhlola ukuthi amaqanda asesimweni esikahle yini ngokuwafaka esitsheni esinamanzi ubheke ukuthi antanta kanjani. Amaqanda asesimweni esikahle antanta kahle, amaqanda amadala awantanti kahle kanti amaqanda abolile ayazika.

13.4 Keeping chicks alive

Ukugcina Ukufa kwamatsiyo iyona nkinga enkulu ekhinyabeza umkhiqizo wezinkukhu. Kunezinto ezihlakune ezingeziwa ukungenelela uma umfuyi efuna ukwehlisa izinga lokufa kwatsiyo.

Ukuthatha inkukhu kanye namatsiyo uyihlukanise nomhlambi futhi uyigcine ngaphakathi endlini ebusuku kungavimbela ukufa ukungabangwa izimo ezahlukene futhi kuvikele nesezilwaneni ezidla izinkukhu. Lokhu kungenzeka nangozifaka ehhokweni noma endlini yokuvalela evikelekile.

Ukuhlukanisa nokuphakela amatsiyo ukudla ukunomsoco omningi, okungaba imeshi ethengwayo okanye yokuzakhela ekhaya, kungehlisa ukufa ngendlela elandelekayo. Abafuyi kufanele baqaphele ukuthi abaphakeli isikhathi eside ngoba lokho kungalimaza inzuzo yabo.

Ukphakela amatsiyo ngendlela yokusika izimbobo ezincane okungangena ikhanda letsiyo kuphela kodwa onina nangakwazi ngenye indlela yokuvikela ukuthi umhlambi ungagcini udla ukudla ukunomsoco owengeziwe obizayo.



Indlu yokuvalela izinkukhu kanye nokulungisa imeshi yatsiyo yokuzakhela.

14. Ukugcinwa kwamabhuku

Ukugcina amarekhodi kwenza umndeni ukwazi ukubheka kahle umhlambi wawo. Bayakwazi ukusho uma izinkukhu zabo zanda noma zincipha futhi bazi kahle ukuthi mangaki amaqanda abawatholayo kanye nezinkukhu abazidayisile noma abazihlabile. Bayakwazi nokubona ukuthi iziphi izinqinamba abahlangabezana nazo futhi bazi ngqo ukuthi zingaki izinkukhu ezifile noma ezithathwe izilwane. Kubanemibhalo ecacile ngezindleko abazichitha ngokugcina izinkukhu. Isibonelo serekhodi lezinkukhu lanyanga zonke Kanye nelamaqanda lansuku zonke linikeziwe ekhasini lama 45.



Example of a flock record

Date:		Farmers name:		Area:	
Veterinary expenses		amount	Feeding expense	amount	Other expenses
total					amount
Describe mortalities					
Describe symptoms that you saw					
What interventions did you try					

Increases in the flock +					Decreases in flock -							
	Number in flock previous month	change	Hatched	bought	Swapping/gifts	Other increases	Sales/ amount	Slaughtered	Gifts	Consumed at home	Deaths- causes?	Current numbers
Roosters												
Hens												
Growers												
Chicks												
Total												
No. of hens laying												
No. of hens brooding eggs												
No. of hens with chicks												

Other issues noted



MDUKATSHANI
RURAL DEVELOPMENT PROJECT



**rural development
& land reform**
Department:
Rural Development and Land Reform
REPUBLIC OF SOUTH AFRICA



**agriculture
& rural development**
Department:
Agriculture and Rural Development
PROVINCE OF KWAZULU-NATAL

Ukuthola olunye ulwazi vakashela
ama-website wethu:

www.mdukatshani.com

www.hpsa.org.za

www.gapkzn.co.za

